

584 (40)

K/13/21

F. Vilakazi.

1 1b

Burial, mourning and childhood

Ukugeza kwenkosikazi.

of the Church K/13/21

$\frac{1}{23}$

Inkosikazi igeza uma isikhumula izingubo ezimnyama. Loku ngumuthetho wamakholwa uku6a inkosikazi izile ngezi ngu6o ezimnyama. Nezingane zifaka inzila engalweni isidwedwe esimnyama umakushoniwe ekhaya. Nawo amadoda afaka inzila emkhonweni ekhombisa ukuzila. Kumabeshu kwehlukene ngu6a abafaki ndwangu emnyama 6ona. Umakufe unnumzane amakhosikazi wona azila ngokuhlala angaphuci emakhanda, futhi wona angahlo6i, futhi angayi emusindweni, ahlale angawu6angi umsindo, angathethise ngisho abantwana, angazingamuli izinkomo, angasini, angaculi angahlo6i angagcobe ekhanda nangamafutha, angahlo6i ngo6uhlalu. Abesilisa 6ona bayashesha ukukhumula kanye nezingane ziyashesha ukukhumula.

Zizila inyanga 6esekuhlatsiwa imbuzi kuthiwe ihlambo, zikhumule izingane. Umazisazalile kaziyi emusindweni, nokuyobuka kaziyi. Kazivunyelwe ukucula nokusina umakushoniwe. Akuvunyelwe ukulima ngosuku okushonwengalo, nokusebenza noma yimu6i umsebenzi kuze kumbelwe lowo oshonileyo. Izinsizwa kaziyi ukuyokweshela. Zize zikhumule kuqala kande zihambe ziyokweshela, nasezintombini zazo. Umasekwenziwa ihlambo izingane zinikwa nezintelezi namanye amakhu6alo okugeza kusuke isinyama. Amakhosikazi wona azila iminyaka emithathu, kodwa awamakholwa azila inyaka munye amanye njalo azile iminyaka emibili. Uma umuntu enga kambelwa kuzila sonke isifunda saku6o aze angcivatshwe kande kwenziwe imisebenzi. Izihlo6o zona zizila inyanga zingayi emusindweni njengezingane. Amakhosikazi iminyaka emithathu. Awazili umusebenzi, umusebenzi uthi angambelwa 6ese uyenziwa. Kuzilwa angakambelwa yisifunda sonke saku6o uma kushone unumzane uphelezela ngenkomo endala. Uma ukuthi akasheshanga wafa inkomo uyayikhomba yena ukuthi kuhle aphelezela ngalenkomo. Izawu6ulawa asongwe ngesikhumbasayo.

Amadoda aphe ezelwa ngenkabi ayi ijongosi. Kuzakuthi uma abantu sebebuya emathuneni, bese iyadliwa lenyama ephelezela umnumzane. Abantu bagala ngokuy kumba ingcwaba. Ingcwaba limbiwa amadoda, nezinsizwa kusuka awasekhaya alinganise ubude bofileyo ngentambo, bese uyahamba uyokhomba indawo lapho ezolahlwakhona. Ithuna liqalwa ekuseni ukumbiwa. Lithi

5 umaselishona kwenziwe isayidi lokuhlalisa lona oshonile. Sekuzo thathwa konke okwakhe kuhambenaye, nezihlangu zakhe, namacansi akhe futhi. Uyaqoshaniswa esayidini. Umakubuywa emathuneni sekuyiwo gezwa umuntu angaze afike ekhaya. Ithuna liqhalwa owasekhaya ukulicetha, nokumba besebemelekelela bonke abantu, kuzakuthi umaseliphelile k lilungiswe owasekhayafuthi. Umuntu ubengambelwa kude nasekhaya ubengambelwa kude nasekhaya, ubefihlwa khona eduze nasekhaya. Umuntu ulahlwa mantambama, kuthi kungaqedwa ithuna lakhe kubuywe kuyiwe ekhaya. Awabuyi akadoda engakakulethi ukudla amakhosikazi. Utsluvala, nomakudla kuni.

6 Isidumbu sithwalwa amadoda amakhosikazi elandela ngemuva. Ngaphambi kokuba akhushwe endlini eseyom elwa kuzolandwa zonke izihlobo zizombona, engakasongwa wathwalwa ngo laka. Bonke umasebebuya emathuneni k bazoyigeza emfuleni, ngaphambi kokuba baye ikhaya. Asezohlalake amakhosikazi ezilile. Kuyakuthi uma sekufike imnyaka emithathu akhunyuliswe amakhosikazi amakholwa athi ukugeza. Amabeshu amakhosikazi esephuca, afake nebonvu ekhanda, aqale nokuhloba manjena, namakholwa aye akhumule ezimnyama izingubo afake ezinhle hayi ezokuzila.

7 Ukungenwa:

Uma inkosikazi isigezile, seyizofunelwa umuntu ukuba makayingenene. Ukuze ingemuki emuzini lowo. Inikwa umfowabo omncane ukuba azalele umfowabo oshonileyo, Nowakwonye indlu uyamuzalela umfowabo. Uma inkosikazi ingavumi ukungenwa abafowabo, isizoziqomela kwenye indawo. Sebezolobolisa laba ekade igane

584

khona. Inkosikazi alipheliishumi nenquthu, umaseyazala kathathu ziyephuka ezintathu eshumini. Inquthu ingabe isabalwa. Kuzakuthi labantwana abothole kulendoda efileyo abashiye ahambayo yedwa. Usezozalela lomuzi agane kuwona busha. Uma ukuthi uvumile ukungenwa usezozalela inkosana yalona kade emganile. Lona omngenile wothola izinkomo kulabantwana bamantombazane umasebegana ibeyinye nakulowo, kusho ukumubonga. Umakunga abafana akana kuthola luthi ngoaba ubezalela umfowabo. Inkosikazi yabelwa abasemuzini ozoyingena. Kuyaye kuye abadala kuyona bayitshene ukuthi sikwabela ubani, oyena ezokhulisa labantwana bomfowabo. Isizokwazi ikuthi bathini inkosikazi enye ingavumimpela. Nentombazane umakade isilotsholiwe, kwasilela ukushada kuphela wasona umuyeni inikwa omunye ayingene azalele oshonile.

9 Ukugeza loku umuntu usu e es sa isinyama sokuaba kade kuziliwe. Kuyekuyiwe enyangeni ukuaba izogeza laba abakhunyulwayo izingubo Seyizokwenza imithi yokugeza izintelezi, zivangwe namanye amakhubalo. Inkomo isizocelwa ngayo thelezi leyo. Lomuthi ugale uthelwa okhambeni kuthi uma inkomo isisosi bayeni bese uphehlwa umfana omncane uyena osezoyicela ngegwebu lalowomuthi. Usuphindiswa emuva sekuthi namakosikazi akhulumayo ahlanze ngawo lomuthi, kuthi musukwana iphela inyama ageze ngawo bese uyacithwa ekuseni.

10 Uma inkosikazi isigezile isingenza konke ebingakwenzi. Nase kuhlambeni kuhlanjwa ngemithi lemithi itholakala kwa badala uma kungenjalo umuntu ayithole ezinyangeni. Loku kucishekufane noku buyisa idlozi. Phoke idlozi libuyiswa umakushone umuntu oyinhloko yomuzi, alibuyiselwa wonke umuntu. Ukugeza kwenzelwa noma ubani oshonile ekhaya. Amakholwa akubiza ngokuthi yizidlo kwabani kushiwo kona ukugeza. Umntwana omncane ugezela ngembuzi, nangemvu kuyagezwa. Umakuwu muntwana ondala ugezela ngenkomo.

11 Uma kukhona ongagezelwanga, kuvama ukuaba namashwa ekhaya. Uma kushone umntwana ezalwa kuzilwa usuku lubelunye ngoaba yena uyashesha ukufihlwa. Umntwana oshonezolwa ufi lwa amakhosikazi nodwa.

- Ithuna limbiwa amadoda limbiwa kusihlwa, kungasaboni mantu ngo6a kwesatshwa ukuthi bazomvusa, babulale umuzi ngaye umntwana. Uthukiswa abasekhaya kuphela. Kuzalandwa inyanga uku6a izocela ekhaya musuku elahlwayo umntwana. Kuyasongwakahle amakhosikazi akuthukuse amadoda asazogqiba wona, asazogeza ngezintelezi zenyanga. Naba numzane bayazazi izintelezi zokugeza abantu umakufiwe ekhaya. Nomakoti, noma inkosikazi, isizonikwa izimbiza zokugeza yona ngaphakathi. Kuza kuthi uma igeza kulandwe imbuzi emhlophe engenabalandawo. Lokukwenzi
- 12 uma isiphothuliwe. Kuzakuthi uma ihlatsluwa lembuzi kuthethwe amadlozi. Kuqala kugaywe utsluwala, besekulungiswa nomuthi wokugeza lowo oshonelwe umntwana. Kuzakuthi umasekuvovwa kuthathwe ukhamba lu6elunye lusiwe kwasalukazi. Luzobekwa emusamo. Sekuzakuthi ntambama zibuyiswe izimvu noma izimbuzi. Abanyephela bagezangayo imvu uma imbuzi bengayifumanisi ndawo kuzathi uma isibanjiwe siphume isalukazi sitsethe nabaphansi, ukungaphumanga indoda umnumzane wathetha nabaphansi. Kukhuluma abantu aba amagagu, futhi ababazikahle laba abaphansi nemisebenzi yabo. Isizawusiwa kwasalukazi lapho utshwala bu6ekwe khona.
- 13 Uma isizonqunywa, sekuzobongwa futhi abaphansi, sibekiswa emnyango umbuzileyo, sekuthathwa umuthi wamadlozi isinindwa ngegweba lawo imbuzileyo.

Lomuthi usuke usuke wahlanza lona wesifazane. Kuzakuthi uma sekufuneka igwebu lawo, uphehlwe umfana n omncane. Uyena futhi ozoninda imbuzi ngegwebu lawo. Uma inindwa uyabongela njalo lona obongelayo. Uma ebonga abaphansi umuntu akami ndawonye, ubonga ozungeze umuzi wonke. Imbuzi isizo nqunywa ibekiswa enzansi ukuze ububende buphumekahle. Kuzakuthi uma ikhala imbuzi ayidumele, ngokubonga abaphansi, njalo ize yife imbuzi. Kuyakuthi uma isiqedwe ukuhlinzwa bese lona obebongela elungisa lapho izobekwa khona. Ayilengiswa eyamadlozi,

14 isongwa n'esikhumbusayo, igekwe othandane. NoGubende Gubekwe nayo kuhlona notsluwala. Ngakusasa sekuzobuthana umndeni, uzokudla lembuzi. Abasemuzini omnye abayidli lenyama. Kuzakuthi amathambo aleyombuzi abekwe kuleyondlu lapho igekwe khona. Kuthi uma esephelele wonke amathambo athathwe asiwe esigayeni emsamo naso. Asazotluswa khona lapho. Kugalwa ngezinkuni ukubasa, noma ngamalongwe njena. Asazobekwa nawophezulu amathambo avuthe ilanga elikhulu. Kuzakuthi lomulotha Gawuthathe Genze ngawo umuthi wokuGuyisa amadlosi. Uhlanganiswa nomnye umuthi. Kuzakuthi lowo muthi, uma usuphela uzawugezangawo umzimba. Kuthi amnye umulotha Gawusakaze nesigaya sezinkomugxubane nomulotha ukuze abathakathi bangawutholi balaye ngawo.

15 Ukubuyisa idlozi ekhaya:

Kuyafana naku ukugeza, ngoBa amakhosikazi ayahlonipha impela kakhulu. Awathethi awagundi ekhanda, awahlolisi futhi azila iminyaka omithathu ukande akhumule. Kuzakuthi umakufe unumzane kuhlathshwe inkomo kwenziwe notsluwala. Nomakufe isalukazi kwenziwa kanjalo. Phela labantu yigona kushwelezwa kubona umasekuku. Kuzakuthi noma kubonwa inyoka ingena ekhaya besekuthiwa yigona Gavakashele ekhaya. Kusuke kuyi lenyokana eluhlaza. Sekuzo hlatshwa noma imbuzi noma inkomo kwenzelwe idlozi elifikele.

16 Amakhosikazi ekade ezilile asazokhumula izingubo zawo nawamabayi asazophuca emakhanda agcobe ngeGomvu. Umfelokazi ugunda kusihlwa akagundi emini. Nokukhunyulwa kwenziwa kusihlwa. Kuzobizwa bonke abantu, laba bantu balungisa impela, Gacine yonke ik imithetho njengama kholwa ez mukela isakrament. Umsindo awavunyelwe, nakancane. Kuthi ukubulawa inkomo kumenyezwe lona asefile ukuBa abuye ahlengane nabanye abangasekho. Umenyezwa umuntu wakhubo. Usezomusho nange zigongozakhe. Umakuwunanzana Gazothi, "seboke ube

- 17 Nathi njalo ezingozi nasebubini sesethembawena". Kuyokuthi uma lomuntu ayeliqhawe amenyezwe umasekuphunywa ekhaya. Abaka Nilakazi bamemeza u "Gama" ngoaba wayeliqhawe. Umakukhona ukuxabana babiza u "Binda" ngoaba wayengawufuni umsindo, wayenokuthula waze wafa. Umenyezwa izinkomo zisesibayeni, lenake ezobulawa isiyodwa ejehlukanisiwe nalezi ezinye izinkomo. Kusuke kugwele amadoda, lona oyena azoyigwaza, owasekhaya omasekhaya omaziyo kahle yonke imisebeni yakhe. Usezoyigwaza imile inkomo uzosondela kuyona ayigwaze ohlangothini ngomkhonto.
- 18 Uma ingawanga, usezoyiphinda futhi ngawo umkhonto ize iwephansi. Uma ibodla babongalona awafa abanubuyisayo ngezibongo zakhe. Uma isiwile isizodunyelwa yiwona won e amadoda. Ayihudule ayibekise enzansi ukuze kuphume ububende, bokhangezewe ngezindishi ukubekiswa enzansi kwenzelwa ukuba buphume ububende. Ayinqume n ngaphambili ukuba buphume ububende kahle. Umasebuphelile isizobekiswa enhla. Kungumuthetho ukuthi inkomo ihlinzwe ibeke n endla. Seyizokwathiwa ngemimese. Abuyiswayo lona umenyezwa kabili, umenyezwa esabikelwa, abuye amenyenzwe isizobulawa inkomo leyo.
- 19 Imvu kayiyinkhle eku bongeni amadlozi ngoaba ayikhali yona kuhle into ekhalayo ukuze namadlozi athokoze. Izinto ezinqunyelwe ukubonga amadlozi, imbuzi emhlophe nenkomo. Umalona oshonile enomfowabo omkhulu uyena olandewayo azokwenza lomusebenzi ekhaya. Kuzakuthi insonyama ingethulwa kubantu bangaphandle. Yethulwa komkhulu wakwabolona obuyiswaya. Kuzakuthi amathambo enkomo, noma imbuzi abuyiselwe kuleyondlu laphelele bekwekhona. Phela lenkomo ibekwa endlini yesalukazi, Umasingekho ibekwe abafana abancane abangakaganwa. Abaganiwe abasondele kulendlu.
- 20 Lenkomo yamadlozi iphekwa amadoda kuphela amakhosikazi awayipheki wona. Amadoda ayiphekele n esibayeni. Neyokoswa yosiwa amadoda asazosela nabesifazano eyabo seyosiwe.

Notshwala kubekwa amadoda, abesifazane baphiwa yiwona amadoda. Lenyama idliwa umndeni kuphela, kodwa amadoda ayeza azokudla inhloko nawesinye isibongo nabafana bakwesinye isibongo bayeza bazokudla iphaphu nenhluziyo, kanye nogalu. Kuzothi umakudliwa amathambo aqonwe abuyiselwe kuleyondlu ekade ibekwe khona inyama. Ayilengiswa iyasongwa ngesikhumbasayo. KuBa khona notshwala lapho ibekwekhona lenyama. Kuthi umaseyiphelile athathwe amathambo ayotshiswa esibayeni sezinkomo, ukuze abathakathi baqagangi ngawo.

- 21 Abasakaza inulotha nesibayasonke amakhosikazi amadala, usakazwa usuthathiwe owokugeza laba abakhumulayo.

Loku ukubuyisa idlozi nokugeza, kuthi akufane. kanti akufani, amakholwa avamile ukugeza, nomakufe unnumzane asuke angabuyisi idlozi kanti asuke esusa umnyamakula ekade bezilile. Namanye amabeshu ayageza esekhundleni soku- buyisa idlozi. Kalibuyiswa idlozi emakholweni umakugezwa, lisuke likhonzwa kubongwa kulona. Abanye bayalibuyisa, bayise osowafa, ujuze avakashele nasekhaya ngesimo senyoka. Umakubuyiswa lona idlozi inyanga yenza umuthi ophohlwa amadodana, namantombezane alowo awafa nokulandelana kwawo kuqale ngomudala kuze kugcine nfo ncane, sebezohlangezawo bonke ekhaya kuqala wona amadodana namadodakazi ukuhlaza. Kusala izingane kuphela. Uma usuphela sekugezwangawo umzimba.

- 23 Ukukhulelwa kwenkosikazi:

Kuyeluthi inkosikazi uka ibona isishiywe inyanga bese iyazisa indoda yayo. Kungumthetho wabantu ukuBa indoda imtshene unina into eshiwo umakoti, unina usezotshena uyise ukuthi umasibani usekhulelwe. Umakoti akasafanele ukuvuka ekuseni manjena, nezimbiza ezinamandla angaziphuzi ngoba ziyingozi. UkuBa angavuki ekuseni kwenziwela ukuBa engeqi izitolomu ne ithi yabathakathi enjengemibulelo abayenza ebusuku

Futhi umakoti akavunyelwe ukuyaphakathi kwa bantu abaninge njenge semusindweni ngo ba isisu singaphuma. Abantu baningi abaphethe imithi ngemithi emsindweni. Ukuze aye emusindweni umakoti uma ekhulelwe nama ubani uma ekhulelwe kuswele kele uku ba amikiswe kuqala nge zinyamazane ezithile.

- 24 Uma ku bonakala egeza kancane umakoti noma khulelwe kulandwa izinyanga zizokumisa. Kuyadingeka futhi uku ba ahlangele nomuyeni wakhe uma ku bona kala ukuthi kufuna ukulidlika. Kuthi kungaphela izinyanga ezindlanu indoda iyeke ukwakashela umakoti kuzokuthi noma iyile kuyena base manjena. Loku kwenzelwa ukuthi umntwana aphule emuhle kunina nabantu ban amenyanyi. Inkosikazi iyathandiswa ukudla x uma isikhu elwe ngako baya yebayibone abasemuzini bayinike loko ekuthandayo. Enye ithandiswa amasi baze bayinike abasemuzi, enye ithandiswe nenyama isizohlathelwa bese inikwa inyama isashisa uku ba iyidle yoselwe uninazala ayihuge emulotheni uku ba angaphindi ayithande inyama leyo. Inkosikazi ekhulelwe ayingeni ekuseni esibayeni iyalindela
- 25 kuze kungene abanye bese umkhondo embi ukuze ingene nayo. Nokuyakha amanzi ekuseni ayivunyelwe izihambe sekusamini imikh ndo embi seyeqiwe ngabanye. Ukungavuki ekuseni ku ba lekiselwa imikhondo enubi engeqiwa yinkosikazi bese kuyona kala. Inkosikazi iyangena esibayeni sezinkomo uma singelashiwe. Kwezinye izinyanga nayo inkosikazi iyelashiwa ukuze ingene esibaye sezinkomo.

Umsebenzi:

Inkosikazi isebenza kakhulu uma ikhulelwe kuthi i gase jayezi isisu ukuvilapha, noma kungavumi kuswele uku ba isebenze uku ingazivilapheli izisu. Iyaye iyothenza izinkuni, ukuze bayisize uma isibeletha ingahlupheki ngendaba yezinkuni, ilungise nezingubo zokwembesa imntwana amabayi, kodwa lamabayana iyawa fihla ukuze x uvakhiphe musukwa ibelethayo, bese ilungisa

26 nendlu lapho iyobelethela khona. Nokudla izoloku ikuthukusa okunye njengo bontshisi ukuze ikudle uma isibelethile. Kuthi uma isikhulelwe kakhulu ingabe isahloba manjena. Umase kusezinsukwini ingabe isahamba kakhulu. Ayiyikweleli ingola ngoaba kwesatshwa ukuthi ingabeletha kunge lona ilanga layo. Futhi iyabukhumula bonke ubuhlalubayo umaseku sondele izinsuku. Okuye isicolo uma isikhu elwe iyasiqaga. Ingabe isayigcoba nensoyi, namafutha ekhonda, kuphela iyaqina njena ekhanda. Inkosikazi uma isikhulel e ayikudli ukudla okusele endodeni, ngoaba kwesatshwa ukuthi iyoqala ngokubosha uma ibeletha engakaphumi umntwana. Awakufuni loko amanye amakhosikazi. Uma icama inkosikazi ekhulelwe icama phakathi nendlela ukuze isheshe ibelethe ithathe izinye zabalula.

27 Inkosikazi ekhulelwe ayibaxawuli abantu, ngoaba kwesabeka ukuthi bangayenzakabi. Futhi akuswelekele ukuaba umuntu oyisihambi eyeleke ngentunzi sakhe inkosikazi. Ayivunyelwanga ukubamba una nabo bonke abantu, ngoaba kwesatshw ububi obungenziwa abantu kuyona. Inkosikazi ekhulelwe iyanakekelwa kakhulu inikwa nezimbiza zokukhulisa umntwana, nezokwenza ukuaba isheshe ibelethe lowo muthi kuthiwa (yisihlambezi) Iwudla umasekusondele izinsuku lomuthi. Akavunyelwa umnyeni ukuaba angobeka isandla inkosikazi, nayo ayivunyelwe ukwephula usikho, nemithetho yalapho igane khona ngoaba abaphansi asebafa bangayibamba uma isibeletha. Uma yaxabana nanye umfazi kuswelekele indaba yabo ilungiswe abasekhaya ahlawule oswelekile ukuze ikhululeke kahle baxolwane.

28 Inkosikazi ezalayo iyona ithandwayo, ihlonishwe impela ngoaba ivusa umuzi, ngako uma ikhulelwe inkosikazi iyathandwa, ihlonishwe ibizwe ngoyise mkhulu. Loku kwenziwela ukuaba ize iphumelele nanusuku ibelethayo. Inkosikazi uma ikhulelwe iyakwazi ukunuka ozakwa, nokusho izinto eziphuphaya ebusuku, bese nabasenzini belalala benze njengoku shokwaya. Amanye aye aphuphe kuthiwa nawahlathiswe bese nebala ehlatshiswa ngoaba

kuncegwa kwa**abaphansi** ukuthi ize i**gelethe** kahle uma inuka noma
 iphupha ozakwa**bo** kulandwa inyanga uku**ba** izokw**abapha**. Kulungiswe
 futhi nawumnumzane uma kunokuxabana ekhaya. Indoda, kayingeni
 endlini lapho kubelothakhona inkosikazi, kuthi uma kulikhuni
 29 Gese idoda izungeze indlu ibula ikhuluma nabaphansi. Umakulikhuni
 isizongena endlini i**beke** izandla kunkosikazi ikhulume nabaphansi
 ivume nezono zoyoboxolelana nenkosikazi uma Gake Gaxabana nama-
 khosikazi angozakwa**bo** asazazi hlambulula, nayofuthi izihlambulule
 kuxolelwane. Uma inkosikazi ithandiswa abafana, i**gamthathe** umntwa-
 na womfana ayicamele isizokwazi ukuthi izozala umfana. Uma
 ukuthi kwenzeka kowentombane isuke yayi ukuthi izozala intombazane.
 Uma yalwa abantwana ba**afana** isuke yazi ukuthi izothola
 intombazane. Uma inkosikazi kwathi ikhulelwe yathandiswe inyama
 yazala umfana isizokwazi ikuthi unafuthi isikhulelwe yathandiswa
 yona inyama izophinda yena umfana. Akufani ukuthandiswa kwa-
 bantwana ba**afana** namantombazane nezinyanga ziyabula zibone ukuthi
 izotholani inkosikazi ekhulelwe. Nangama phupho iyaboniswa
 umntwana ezomuthola.

30 Inkosikazi ekhulumela futhi izala abantwana abanjalo
 bafuze yona. Uma inkosikazi yahleka umntu oyisi ima noma
 oyisidalwa nayo izala yena lowomntwana, futhi akuswe lekele uku**ba**
 uku**ba** inkosikazi idle ukantsha wenkomo noma wemvu noma yini
 ngoba izozala umntwana injalo onanafinyila amangi futhi inkosikazi
 ayiyidli into ezilwayo kulowo muzi njengakwa Nyembe abudliwa ubu-
 Gende, kwaKunene ayidliwa imvu uma mhlambe yethuka ikudla
 izala sona isilima. Gese iz i**jeziswa** nase muzini. Uma
 inkosikazi izala amantwombazane wodwa kuye kubizwe inyanga
 izoyimela. Kuthathwa umuthi omise njengentombazane noma
 njengomfana Gese uyakhandwa ngamakhubalo athize ukuze kube
 umfana nasentombazaneni futhi kwenziwa njalo iyamiselwa.
 Ukumisela umntu kuyinkomo ezinyangeni.

- 31 Umafuthi intombazane yadla ungedede noma umvenyane, iyokuthi uma isithola umntwana uyoba namasikangcedede emehlweni, ahlupheke kufuneke azesule njalo emhlweni ngoaba unina wadla ungedede. Futhi akuswelekelele ukuaba umntu wesifazane adle (umenzela) ngoaba wozala abantwana abezela njalo. Kunjenge (mpundu) ayidliwa umntu wesifazane osemusha idliwa isalukazi kuphela, sona singasazali. Uma umntu emuhle mhlaumbe inkosikazi ithande umntwana wayo afane nonina, noma ngoyise uyaye elunguzise unina noma yena nyise esihlambezweni sakhe, kuthi uma efika namanzi engahaphuzwa muntu awulungisise yena uyise noma unina lowo afuna umntwana afane naye, Gese ephungula nembiza nayoke inkosikazi isizophuza amanzi emvakwakhe, futhi eleke nesithunzi sakhe emanzini azophuzwa okhulelwe. Lokukuyenzeka kwesinye isikhathi, nangokuqamba umntwana uqaheliswa amagawe aqanjwe ngengama lawo umntwana ukuze afane nawo lawo magawo.

Izinsuku zokukhulelwa+

- Inkosikazi nomakanyani kuswele kele ukuaba imazise unyeni wayo uma ishiywe inyanga ukuze isisu angasiphiki.. Umafuthi ikeyaya emfuleni kuswe lekelele ukuaba imazise unnyeni wayo ukuze noma nigasa belethi ngesikhathi azi ukuthi yamugezela umntwana lowo. Uma inkosikazi yeqe lomuthetho ayebika kumyeni wayo unokusiphika isisu. Okwenza umntu aphike isisu yingoba kukhona umthetho wokuzalela omnye umakubona kala ukuthi akazali. Sekuzaku hi abakhulu bomuzi bahlangane ukukhetha umntu ongamuzalela lona ongazaliyo. Uma esetholakele yindaaba efihlwayo leyo, nayi indoda ingayazi yaziwe abakhulu nenkosikazi nalowo okhethiwe. Kuzakuthi uma umyeni esphule beselona eyakwalehe, use zohlangana nenkosikazi noma yisiphisikhathi, asheshe futhi ukuphuma ngoahleze asole baxabane uma emubonile. Nabantwana uzakuthi abakhe kanti uzalelwa umfowabo. Kukhethwa owakwabo kube uyena omzalelayo utuze abantwana bangehluti kakhulu. Nenkosikazi umakuyiyona ingazali ilanda intombane kubo ukuaba izoyizalela, ngoaba yona ingazali. Umntu okhulelwe ubala inyanqa,

ngokwethwasa kwayo, noma ifa abalandeli izinsuku zenyanga. Kubalwa ngebezi. Usukulokubeletha ngempela alwaziwa, kodwa inyanga yokubeletha iyaziwa ukuthi ilena noma ekupheleni kwayo, noma ekuqaleni kwayo, kuya ngokuvaleka kowesi fazane.

- 34 Kuzakuthi uma umntwana esebelethiwe unina, afukame endlini kuze kuwe inongo yomntwana kande aphumelephandle naye umntwana. Uesezophuma umntwana uqala ngoku nukiswa, futhi uthi engakaphumi endlini acathwe ngemithi yenyoni neminye yokulungisa isisu umntwana. Nonina esafukeme uphuza izimbiza zokumuqeqa, zikhiphe ingazi namahlule esinyeni. Uzothi uma esephuma kuyalahlwa inyoni esiganjeni kumntwana. Kwenziwa inyanga loku efunde inyoni (izulu) Uma esemncane umntwana uginiswa kakhulu ngokunukiswa ngezinyamazane zaku6o, izinyamazane zitholakala kwa6adala futhi yi6ona abanukisa abantwana abazelwa. Kuyaye kuthunyelwe inkosikazi ehlananiphile uku6a iyomunukisa
- 35 umntwana ngezinyamazane, ngo6a amadoda awaqale angeni lapho kubelethelwe khona kuzekusidwe kande angene endlini noma kulikhuni yiwona enukisela inkosikazi, nayeke umnyeni uyangena umasekunzima. Uyise womnyeni akangeni nomasokunjani ngo6a umakoti uyamuhloniphayena. Uma umntwana esephumela phandle sekuzofuneka imbeloko yokumu6letha umntwana isikhumba sembuzi okwenziwa ngaso isikhumba sembuzi okwenziwa imbeleko yomntwana. Kuyekuthi uma inkosikazi esiphucilele 6ese uyise mkhulu emhlabisa imbuzi okuthiwa imbeleko yomntwana. Sekuza thatwa isikhumba saleyo mbuzi sishukwe uyisemkhulu enzela umntwana imbeleko. Seluzofunwa umlazanyane wokumema lomntwana. Lentombazane ewamlazanyane yohola imbuzi uma isiqede unyaka. Sekubuye kuhla
- 36 ntshwe imbuzi yamakhosikazi yokuwa6onga ngo6a ebelethisa inkosikazi konke loku kwenziwa umkhulu wengane noma ngogo uma engasekho umkhulu, noma uyise wengane uma abazali angasena6o. Uma ukuthi umakoti umutholele ekhoya umntwana, uyothi uma esephumela phandle amuseku6o.

Umntwana uthi uma efika ku6o akhale lokusuke kwenziwa abaphansi befuna uku6a umntwana ahlatshelwe yona imbeleko. Amakholwa wona athatha isikhumba sembeleko asithengise, Gese enezezelangenye imali athenge eyadi noma amayadi okwenza imbeleko. Ezamakholwa zenziwa ngamayadi. Umlezane awuvunyelwe ukuhamba nomntwana ku6antu, uhlalanyaye ekhaya. Uma unina engekho umuxaka ngencumbe yama6ele, kuze kufike yena unina. Umntwana unezimbiza zakhe zo-kumcatha aze akhule.

37 Umntwana ucathwa ngohlanga kuya yekukhawe umhlanga emfuleni awulungise kahle unina, awushise phambili ukuze ungagwazi umntwana. Uma kungewona umhlanga uthathwa ubobobo wezintanga ulungiswe kahle wenziwe uhlanga. Umntwana ukuze angangenwa imimoya emi6i u6oshelwa ngenithi yofufunyane entayeni kufakwe namanye amakhu6alo okumsiza ezingozi njenge nkathi yokuphuma abathakathi. Inkosikazi uma isisu sifuna ukuphuphuma igqiziswa ngentambo enomuthi wokumisa okusesinyeni. Inkosikazi engenalutho oluyihluphayo iyakhumula ingagqizi ngalutho.

Ukulunyalelwa umntwana uma e6eletha inkosikazi:

38 Uma inkosikazi i6eletha kulanwa abantu abayizihlo6o noma khelwane ukusiza inkosikazi e6elethayo. Kuthathwa intambo i6oshelwe ezintungweni phezulu endlini. Kuzakuthi inkosikazi e6elethayo ikhumuliswe konke isizo6oshwa ngendla kokhalo ngasesifubeni uku6a umntwana angenyuki kanti ehle aye enzansi. Isiquqa ngamadolo inkosikazi kuthi uma izwa ihelwa i6ambebelele entanjeni ukuze ithole amandla okukhamila. Namanye amakhosikazi azoyelekelela ayi6ambe okhalweni uku6a umntwana aphume. Uma yesaba ayayishaya ayikhuze. Uma kulikhuni impela kulanwe amakhosikazi amadala asekwazi ukufaka isindla akhokhe umntwana, ayengahokilutho kuqala ayaye Gongwanjena manje asehola u £1, uma kungenjalo yimvu, noma imbuzi ngokukhoka umntwana. Inkosikazi i6elethela edladleni endlini e6aswazo. Ngo6a umntwana kuswelekela a6aselwe umulilo uma emncane.

39 Kwenye isikhathi umntwana uphuma esefile ngenda6a yokwesaba

ngendaba yokwesaaba kukanina. Kwesinye isikhathi kungene inkosikazi abayisolayo besa kuaba yiyona igulele umntwana umakunoza kwabo banolane bodwa. Kuzakuthi uma kumamagqubu anawo lowo lona obelethayo usezowavuna phambikwabo bese bezihlambulula nozakwabo ukuthi yini abanayo bona naye sekuzoxolelwana bese uyakhululoka. Kuyo kuy bulwa nasezinyangeni umakungavumi. Uma umntwana ephume kunina esashisa ushayelwa amathini, afakwe nasemanzini endishini ahlengelwe aze aphaphame amunye, omunye angabe asaphaphama njalo. Uma ephume asafa kudala kulandwa izinyanga zizomugeqalonu wesifazane nayo indoda kwesinye isikhathi bayayigeqa nayo. Uma umntwana igulewe inkosikazi indoda eyayiyishaya, kuthi inkosikazi ihlawuliwe ngembuzi noma ngenkomo. Namakhosikazi amanye ayayishaya impela uma yesaba. Kuyaye kumikiswe futhi uma ukuthi umntwana usashisa kodwa esefile, kuthathwa izinyamazane zofufunyane anukiswengazo. Ekwela heni umakoti uma esaqala ukuthola umntwana kwenziwa uyise omnzalayo. Kuthi ngowesibili sebezozelaphela bona umakungavumi. Izinkomo azikhishwa zonke uma intombi engane, kufuneka ize ithole umntwana wokuqala konde bazifune abasemanzini. Ukukhipha zonke izinkomo kuyishwa. Kunje ngomakoti oza nezinto zendlu akavani ukuphumelela enzalweni kuyishwa nako, nokuhlinzeka umntwana uma inkosikazi ikhulelwe kuyishwa umntwana akaphuli uvama ukuphuma esifile. Ngake inkosikazi izinto zokuhlinzeka umntwana iyazifihla kuwe ukwazi kwayo kuphela.

41 Abantu abangebona abahlobo noma omakhelwane abavunyelwe ukungena ngoaba gangabulala umntwana, nakuz izihlobo kuyakhethwa, ezisolwayo aziqizwa. Uma inkosikazi ibeletha akwendlalwa lutho ibelethela emhlabathini njena. Kuthi uma isiphumelele kuthelwe umhlabathi, yona inikwe isaka lokuhlala. Umntwana uyena usongwa ngamabayi amadala. Indoda ayingeni uma kubeletha inkosikazi, ibhala kwenye indlu ilindole ukuzwa ukuthi kunjani, iphuthume ezinyangeni uma kulikhuni. Futhi iyaye ishaye indlu ibonga ikhuluma nabaphansi. Umasekunzima ku huma isalukazi esidala sikhulume nabaphansi, noma kanjani uyakh luleka obelethayo.

Nekhehla liyaphuma likhulume nabo abaphansi. Nezinyanga zisize ngezi hlambezo nangemithi yoku mukisa nokuncinda, umakunzima.

42 Inkosikazi i6anjwa izinsuku ezintathu ngalolu lwesine kusu-kesokuku6i, Umakoti ziyaphela nezine kuze kwethukwe ngolwesihlanu ngo6a umuntu uma esaqala uyephuza uku6eletha kuyangalabo njena. Kuyakuthunyelwe inkosikazi kunyeni uku tshena ukuthi kunzima sewuyena ezobikela nekhehla kuzanywe amasu amaningi okuphumelisa owesifazane. Sekuzophanjwa kuyobikelwa nabakubo wenkosikazi nabo sebezowenza izaba uku6a umntwana akhululeke, ngemithi, yokumukisa neyokuncinda. Fangaokuletha amakhosikazi abhakaniphile akwaziyo uku6elethisa, nokukhokhela umasekuku6i. Kuyaye kuphalalwe impela umasekwendlule izinsuku ku6anjwe kuyekwe. Uma inkosikazi ishona, ishone ingakakhululeki ishesha ukumbelwa ngo6a kwesatslwa ukuthi izosheshe ikhukhumale isheshe nokonakala i6enephunga. Ifihlwa ekhaya.

43 Uma ukuthi umntwana uphumile wasinda, unina washona wenzwlwa incumle 6ese uyaxakwa, athathwe unina wenkosikazi noma womkwenyane amxake eze akhule. izalukazi ezinye zi6ancelise kuze kuphume amanzi i6eleni. Incimbe yenziwa ngemabele axakwe umntwana. Izalukezini ezisezintsha kuze kuphumelona u6isi zimuncelisa umntwana aze akhule. Umntwana inongo injinqunywa izalukazi zakhona kulowonzi zilinganisele elungeni lomunwe ziyi6ophe ngokotini. Kuzakuthi lena enqunyiwe imbelwe emsamo kukuze abathakathi 6angayiboni lapho ikhona. Abanye bayi6ophela itsheni bayoyi phonsa esizi6eni esikhulu kungaboni muntu n o6a kwesatshwa abathakathi ukuthi ngahle bayithole 6a6ulele umntwana. Kuzakuthi uma isiwile

44 lena e6esele ngatumumntwana 6ese uyakhishwa endlini Uma esandwuzalwa umntwana uya yagezwe ngezinyamazane omalala zoki eza umntwana uku6a alale angavuki agezwe nangezintelezi uku6a angasheshi ukuha6ula.

Amaphahla: Amaphahla awajabulisi ngo6a omunye kunina noyise uyashona umakungashonanga elinye kuwona. Ngako ukuzala amaphahla kuyingozi. Athi evela amaphahla elinye lihanjiswe

linikwe omnye okungeyena unina uku6a alondle lize likhule. Umakungenjalo unina uyahlupheka noma ewamema elinye limemwa ngaphambili elinye ngemuva. Uma ewancelisa unina ulineka i6ele nalelo, abuye awashintshanise futhi. Uma umntwana engaphilanga kahle kuyaye kufunwe izinyanga ukumelapha kubongwe nabaphansi kuhlathshwe kuthethwe idlozi. Abantwana akuvunyelwe uku6a baphathwe yiwo wonke umuntu ngo6a abanye bagangile gayababulala.

45

Nomntwana akanikwa umuntu njena unikwa unina kamakoti ukuze akwazi ukuphila uyise nawo aphile futhi. Indoda ibhlala izinyanga ezintathu ingangeni lapho kukhona inkosikazi ebelethile. Noma iyile ifike ime emunyango i6uze k ukuthi kunjani. Sebezokhuluma bengendawonye. Isizoshesha ukuhanba indoda. Kuthi nangemuva kwezinyanga ezintathu ingene ilale yodwa ingahlangani nomkhayo, kothi unase6ebona ukuthi sekukhulakhulile bese6ehlangana, 6esoma, kuthi umase ekhunjulwe umntwana imva kashele umkayo isiyobeka isisu. Umntwana k ukhunjulwe abadala unase6ebona ukuthi sekuswelele. Umakwenzekile bamumithela umntwana, gayaye bayotshena unina ukuthi, sekunjena, utshenwa umnyeni ukuthi sekunjena.

46

Usezomthatha unina umntwana amunceliseyena uma esemuncane kakhulu, amuphe nencumbe yamabele. Kwesinye isikhathi bese6e ukusho ukuthi umntwana sebamonele gaze bazi6onele abadala ukuthi kunjena sebemususa kunina. U6onakala ngokugxwala abelunama umntwana. Indoda uma isimubekile umntwana ayivunyelwe ukuhlangana nenkosikazi uma sekuyinyanga ezinhlanu, ngo6a umntwana uphuma emtu kunina enyanyeka. Amakhosikazi ayayithethisa inkosikazi eyeqalomuthetho. Indoda kuswelekele isome umakwendlule izinyanga ezinhlanu nomkhayo. Uma umntwana ekhishwa uyelashwa bese ekhonjiswa inyanga ukuze angethuki ngelanga, uyaye asiwe ematuneni bese k kubongwa batshwe negama lakhe umntwana. Umntwana ukhishwa inyanga efundileyo.

- 47 Uma esephumile unina umnika umlezanyana, usale naye ekhaya. Umntwana uyatethwa emhlane kanina nowomlezanyana aboshwe ngembeleko yakhe ukuze angawi, uma eselele usezomulalisa ecansini endlini. Uma unina efika mhlaumbe kukhona lophakade eyekhona wephuza ukubuya umntwana esehlale waze wadinwa, aqale ngokuwekhama amaGele awaphambanise aivakhamela emulotheni ukuze umntwana lenga-mhlabi ubisi esisivini. Uma umntwana etshokoza ubongelwa ngezibongo zakubo njengama kubodla inkosi iyaye ibongelwe ngezibongo zayo. Uma wenzekile unina wehlukana izinsuku izimbili nomntwana, mhlaumbe kade bexabene nomyeni wabaleka eshiye umntwana encela, ugala ngokukhamela ubisi egijeni kande
- 48 aphinde amuncelise umntwana. Kuthathwa ukhoba lishiswe emulilweni bese kuthelwa umloth kulona esisengela kulona unina kande ancilise umntwana. Uma unina engenalo ubisi umntwana uphiwa incumbe, ancele nakuye unina. Uma esefunda ukuhamba izingane kakhulu emuphathayo iye ithi cathucathu imubambe imfundise ukuhamba. Noma eqala ukuma iyaye ithi mayedimayedi ijabule nabadala bajabule kakhulu impela. Umntwana una eqanjiwa igama kwakubekwa izicizikanina noyise. Uma ukuthi unina wayaliwa uyise kuzoba u "Nzondo" una uyise kuwumntu onamawala noma ekulweni nomntwana sekuzoba (unawal). Lamagama bawaganjwa uyise mkhulu ngezici zika nina noyise. Kuzakuthi umntwana una esekhulile abuye abenelinye igama lobusha, aqanjwe izinsizwa ezinye, nentombi iqanjwa izintombi ezinye, ngezenzo zayo futhi. Kodwa alipheli igama labazali. Lamagama obusha babizana ngawo uma bebodwa kuphela. Abazali bamubiza ngeli ayisemkhulu. Izinsizwa nezintombi zimubize ngolobunsizwa, nobuntombi elisha ezimqambe zona ngalo. Nasebubuthweni kubenjalo athole elisha njengobugawe bakhe empini.
- 49

Kanjena uNzondo Muni: Flika yise mkhulu ngoza unina wayemala uyise kodwa wamuthatha ngoza ethandwa ekhaya.

Ukanyezi Muni: Elezinsizwa ngoza wayefana nekanyezi, nezintombi zikwe langayenjalo.

584

uNozidumo Neunu: Elo6ubutho uma seyihlangene. Wazithola izi6ongo kanyenaleligama ngempi yamathela mali, neyezindela lepho awisa amadoda amahlanu musuku iqhalayo impi e'hlange.

50 uMntwana: Usezokhuliswa ngenhlonipho impela enhulu azise abadala, Usezodlala nezinye izingane. Ingane isentane iyafundiswa ukuzinza phakuthi kwabantu abadala. Kuthi umaseyelusa amathole zigaule izi duku zokwelusa nezokuzingela izinyoni nezimbi6a. Kuthi amazihlangana nezabanye abafana bese kudlalwa u(nkatha) lokwegela wona amathole nasizinkomeni yikoloko badlala u(nkatha) unkanta lundlo6onngi oludlalwayo:-

- | | |
|---------------|-----------------|
| 1. Alom6ambo | 4. Olwamatshe |
| 2. Alamfo6elo | 5. Olom6eko |
| 3. A'otshani | 6. Alomjukujelo |

Unkatho lwenziwa umakwegelwa izinkomo. Sebediniwe ukugqasha-na bese kushaywa unkatha. Ukugqasha usumunze ukhombe amhandayo ongakwehluli, noma omehlulayo uthi:-

51 "Ngikugqasha naziyana eziya endaweni ethile uyisho", imasezihamba izinkomo. Nawe uma ubuya uzagqasha omnye. Kugqashwananjena kuhleziwe ndawonye. Omunye ugqashwanjalo angaphumuli umabomehlula. Abamesabayo abangqashi uyazidalela njena. Umasebedininawe yilomdlalo kushaywa unkatha. Kuzovela umfana abemunye athi "Ngiyalisho olwamatshe". Bonke sebezolandela kuyena 6ethi "Ngikuzitha", omnye athi, "ngiku bu6e", umaku yena othena uku zitha sebeyoze baphele bonke beshonjalo. Sekuzothathwa itshe limiswe phezu wananye amatshe sekuqelwa kulona, kuqale lona othena ngiyalusho ku6e uyena eqala ukushaya itshe elimisiwe. Kusuke kumiwe ngalayini. Athi uma ehluleka kushaye olandelayo. Kujikijilwa ngamanye amatshe. Olishayile usephumile yena usezohlala abukele kuyoze kusale abemunye nongalishayile uyena ozoyokwegela izinkomo ngo6a usilele ukuwisa itshe elebekiwe.

52

Unkatha lushaywa zisemi kahle izinkomo ngo6a liya6a6enzela unkatha. Umase6ediniwe alwamatshe 6aqale dunye futhi unkatha. Usezolu shofuthi omunye. Uma izinkomo seziya ensimini kuswelekile kushaywe olomfobelo. Lelo liyaxa6abanisa kakhulu ngo6a kungeze kwa6onakala oyena olushayile. Kuyenzeka futhi a6abile ukuba 6alushaye kanye kanye 6ese6ehamba 6o6abili 6ayokwegela izinkomo uma ukuthi 6ese 6esele 6o6abili. Umazingaka hambi 6ayaluphinda kuze kuphumelele omunye asilele omunye. Olotshani alinawo umfobelo, nelombeko alunawo umfobelo .

53 Omunye umsebenzi wa6afana uNoxhongo. Kuthathwa izinduku 6ese kuti enzansi nazo kufatwe ezinye izindukwana zokubambeleva umase6ekwela kunoxhongo. Lezinduku zuyalinganiswa zi6enkulu. Lezokubambeleva zi6azincane zi6ezine. Lezi ezincane zi6oshelwa kulezi ezinkulu ngocingo maqondana nedolo. Unoxhongo owokuhamba a6afana uma6edlala.

Omunye umdlalo wa6afana owokubukuda, k shiywa izinkomo ku6afana a6ancane, 6ashiywo nomunye omkhulu umfana odliwe unkatha. Se6ezelusa kuzeku6uye a6akhulu. 6abukuda empofane a6ase Machunwini ezizi6eni ezishonayo, kodwa ezinye akubukudwa kuzo ngo6a zinezingwenya ziyesabeka. A6ancane 6ona 6abukuda kwazincane 6ehamba nalona e6esele naye omkhulu oyena oyo6a beka ezingozini.

54 Ziningi izindlela z kubukuda:-

1. ukushaya idamu
2. ukugwila emanzini
3. ukuhlamba nangesiphundu
4. ukuhlamba ngomhlanga
5. ukuhlamba ngesigubu.

Uma umuntu esafunla idama uqhala angayi ezizi6eni ezishonayo. Kuthi angalifunda afunde nokucwila phansi, ukuze athi uma esediniwe ukushaya idamu acwile.

Ukuhlamba u'ufunda muvakona. Ukuhlamba kusiza uma umfula ugowele kuliwa ngo6a umuntu uyaphumelela ukuwela umfula. Umhlanga u6oshwa emaceleni 6ese ekwela phezukwawo ohlambayo abuye awudelele umhluthule umuse phambili, abuye awubambe afake ngaphansi kwakho abuye awudelele. Naso isigubu kunjalo.

- 55 Omunye umsebenzi wabafana utudla iphaphu. Kuyekuthi uma kuhlatshiwe emuzini 6eseku6uthana amadoda. Asuke ezekudla ugalo, ngo6a inbloko ayidla isiphekiwe inyama. Abafana bona bathatha iphaphu labo nenhliziyo bayenako ehlane ezinkomeni. Sekuzo6uthana izigodi ngezigodi zezinkomo. Kuye kuthunye abanye abafana ekuseni uma izinkomo zisaphume inhlazane 6ahambe 6e tshena ezingwele zezigodi ngezigodi ukuthi kuza6e kudliwa iphaphu namhlanjena endaweni ethile. Sekuzobuya izinkomo masishane, kwenzelwe ukulungisela ukuyodla iphaphu. Kufana nokuya emusindwoni ku6antu abadala. 6ayaye 6ahlome 6onke abafana, ku6iziwe 6onke ngo6a kuyaziwa ukuthi kuyimpi namhlanjena.
- 56 Se6ezophathe amahawu a6o amancane okuvikela amaqupha. Phoke negwala liyazidela lihambe nalo ngo6a bezolishaya abaku6o. Kuthi umasezihlangene izinkomo kuzwakale ngezinja kuqala zikhala sezilwa, nezinkomo sezilwa nezinkunzi sekuku6i, 6axabane nabafana 6ebangazona izinja nezinkunzi. Kuthi kudliwa iphaphu njena 6ese 6enezingozi eziningi. Kwesinye isikhathi idumelane lingakadliwa iphaphalelo. Se6ezobaleka abanye 6angalidlile iphaphu. Kwesinye isikhathi 6uye iphele kudliwe iphaphu. Lonake lidliwa kanjena kuthathwa umminzo uhlohlwe inyamana esikwe enhliziweni 6esewosuwa kahle u6oshiwe ndawozombili uku6a amanoni angaphumi. Lenyama yosiwa muva selidliwe iphaphu nenhliziyo. Inhliziyo idliwa izingwele kuphela. Abanye 6adle iphaphu. Kothi umasekuphelile usuvuthiwe nomminzo 6ese uhlonywa athini, sekuzovela umfana olishinga kwabakhulu enzenjalo awuthathe uminzo. Se6ezomtheleke- labonke abafana 6amshaye. Uma engabaleka nga walwa nabo impela gaze 6amuyeke. Usezowucla yedwa
- 57

umumunzo lona aphe ufana amuthandayo yena nakwabancane kubenjalo. Ufana omunye Gamshaya izingozi, noko omunye alwe aze abehlule. Kuzakuthi umaseliphelile iphaphu sebeyogeza olimele. Izinkomo ngalolusukuzikhaliywa ngonkatha. Sekuzoqathwa abafana abancane. Nazo izingwele ziyaxabanazodwa kulwe kubenjeyazize ziguye izinkomo ntambama kungaphunyulwe. Kuyenzeka utuba elinye iphaphu lidliwe kahle kungabikho umusindo, kulitshalwe ukudlala nokubukuda umaseli phelile.

58 Omunye umdlalo wabafana ukuthiya izinyoni ebusika uma izinkomo zidla amahlanga kakhulu kanti nasehlobo ziyathiywa izinyoni, njengama gedezi, nezintaki, nongcede, nezinye izinyoni. Lezizinyoni zithiywa ngogibe ugi belwenziwa ngomusila wenkomo, noma ngomusila wehashi libekwe emnyango wonyoni. Okunye ngenomfi umakungelona ugibe. Isifu sona kuthiywa ngaso ebusika. Ziningike nezindlela zokuthiya:

1. Isifu
2. ugibe
3. umgodi
4. Inomfi
5. unoxaka

Omnye umdlalo ohambelana nawo lona ukuzingela izinyoni namaphuphu azo nokuzingela zona izinyamazane, nezimbiba.

59 Mningi umdlalo wabafana, ngezinhlobo ngezinhlobo njengoba ezinye sengizishilo. Umdlalo wamantombazane nabafana behlangene yiko ukugida ukushaya indlamu. Kuyekuthi ntambama kuculwe kushaywe indlamukanye nonxishulo. Kuye kumenywe nezinye izingane zakomunye umuzi zizophikisana. Kudlalelwa enkundleni yezinkomo. Omunye futhi umdlalo wabafana namantombazane ukubekana (igcaba) kuyaye kuxoshwane kuthintwana ngezandla. Omnye uma izulu lina izingane kwakuthiwa mazikhumule zigijime emvuleni ukuze zikhule.

Nebala zikwenze loku, zikhulefuthi. Kokunye zaziphicaphicana zodwa izingane. Kanti nabadala babewudlala londlalo nezingane, kufana nokuzeka inganekwane bezekelwa abadala kakhulu izalukazi.

60 Londlalo wokufundela indlamu ukhona nasezinsizweni nezintombi. Kuye kuthi ntambana ngesonto izintombi nezinsizwa kuhlanguane esimumu ngaphezulu kunenkundla lapho kushaywa khona khona indlamu. Kucithekwa umasekuhwalala kuyiwe emakhaya. Umsebenzi wamantombazane ukukha amanzi, nokutheza izinkuni ehlanzeni, nokulinda izinyoni emasimini kulentshisi nase mabeleni, nokuhlakula emasimini nokufunda ukwenza uGuhlalu amaphansi ikakhulu, nokwenza amavovo, nezithebe, nezicephu, namacansi, nokubukuda emfuleni. Omnye ewona musebenzi omkhulu ukukhelela utshwala nokugaya umakwenziwa utshwala. Akunye ukwebula (uzi) bebulela onina bezokwenza izintambo zokweluka amacasi, okunye ukusika umhlarga emfuleni belekelela onina.

61 Ukuhlonipha kwezingane:

Ingane uma ibizwa umuntu omdala isabela ngokuhlonipha. Ayisho ukuthi "we" umakuyindoda ithi "baba" umaku yinsizwa ithi "buthi" umakungowesifazane ithi "mama" komdala. Komncane ithi "sisi". Umakugamuka umuntu omdala ngisho zingamazi izingane umakonakele mhlaumbe izinkomo zingene ensimini sezizobaleka zonke ngoba uzozishaya. Kwakungakhethelwe ukuthi umuntwana waze ashaywe uyise omzalayo. Uma izingane zibona izinkomo zingena emasimini zingazazi zazi zikhipha, zizegele. Uma umuntu amdala ecela ingane unelekelele yayishesha imelekelele, ingafuniholo futhi ngalo. Uma isalu kazi siswele amanzi sasiqiza noma iyiphi ingane siyithume nomakungeyomunye umuzi.

62 Uma intombazane ihamba iya kude ibihamba nomfana omncane njena oyena oyoyisiza ezitheni zabafana (izinsizwa). Izinsizwa zazingayithinti uma ihamba nomfana noma emncane ngobakungumnewabo, nomakunge yenangempela kodwa zazimhlonipha. Intombazane uma isiqomule yayihlonipha bonke abalapha iqomekhona ayisezukubagiza ngamagama. Umakukhona umuntu wasenzini onegama eliqala ngo (F) intombazane isizohlonipha

u(F) njengo(mfana) umkhaphelwane. Ihashi = Ingadula. Kuzakuthi noma iabona abasemzini ikhophozele ingababeki. Uma iganile yayibeke emusamo ibeke phansi noma ikhuluma ingababeki. Yayi khulunyelwa enye intombazane ehambanayo.

- 63 Umntwana uma engena endlini wayengena azinze ngezinge phansi angaqashami. Uma ephuziswa utshwala wayaye azinze phansi ngezinge. Izingane zazingahlali endlini lakukhuluma abadala. Izingane zazihlala kagogo wazo amazidla amasi zazingawadli ngokhozo. Amasi adliwa ngezandla ~~na~~ awakhe ngesokudla, athele kweso kunxele afunde emulonyeni. Amasi angathelwa eziko, ngoaba izinkomo zodabuka imibele. Izintombi zazingawadli amasi asemuzini, ngosho nobisilwase muzini zingalu phuzi. Izinsizwa zona zingayidli unyamayenkukhu yasemuzini. Izintombi zazihlinzeka ngobontshisi nangotshwala. Ingane yayinga mmemezi umuntu omdala. Ingane yayingamumeli umuntu omdala. Ingane yayingamushiyeli umuntu omdala ukudla.

END 584.